Sawubona Lungu Le-SAMRO,

Sisanda kuphetha imihlangano yethu yokubonisana namalungu ezindaweni ezintathu eziyinhloko ezweni - eGoli, eKapa naseThekwini - lapho besidingida khona, njengoba kwakuvunyelwene, izinto ezidinga ukuguqulwa eMithethweni Yobulungu, Imithetho Yokusabalalisa kanye neMithetho YeBhodi Labaqondisi.

Njengoba wazi, ezinyangeni eziyisishiyagalolunye ezedlule, siqale inqubo yoguquko olukhulu eSAMRO. Kugxilwe ekuguqulweni kwenqubomgomo nasekuthuthukiseni izindlela zokusebenza, njengokusungulwa komnyango ozogxila kuqala ekusheshiseni ukukhokhwa kwamaroyalithi angabhalisiwe. Yonke imithetho yobulungu okwamanje iyabuyekezwa futhi lokhu kuhlanganisa nemithetho ethinta amalungu ebhodi.

Ngingathanda, kule ncwadi, ukuthi halamuzi ngezinto ezaxoxwa kule mihlangano kanye nomhlahlandlela.

Ukubuyekezwa kwenqubomgomo okwenziswa yi-SAMRO, emithethweni yokusabalalisa, ihlanganisa ukubuyekeza imithetho elawula ukubalwa kwamaroyalithi akhokhelwa umculo wevangeli nomculo wendabuko usuke ususemphakathini (okubizwa ngokuthi imisebenzi ye-"DP"). Umsebenzi womculo, ongasavikelwe amalungelo okushicilela futhi osuke ususemphakathini (*domaine publique,* DP), i-SAMRO iwuhlukanisa ngokuthi yi-"DP". Ngokuphambene nemibiko ehlukahlukene edukisayo ekhishwa abezindaba, i-DP ayiyena umuntu kodwa iyisistimu yokuhlukanisa imisebenzi esuke isisemphakathini.

Lo mthetho okwamanje ukhipha amasheya agcina ku-16.7% kumaroyalithi amalungelo okushicilela engxenyeni yomsebenzi owenziwe umhleli emculweni wokuqala osuke ususemphakathini. La maphesenti anikwa umuntu osuke ehlele umsebenzi we-DP. Ibhalansi engu-83.3% yamasheya eroyalithi abezonezelwa kuwo wonke umsebenzi ukube leyo ngxenye ye-DP ibinamalungelo okushicelela, iyagodlwa bese kwabelwana ngayo kuyo yonke imisebenzi yomculo eyenzekayo engeyamalungu e-SAMRO ngokulingana nezinga osetshenziswa ngalo umculo wawo phakathi nenkathi ebuyekezwayo.

Isizathu salo mthetho wukuthi ngeke kube kuhle ukuba ukuhleli-kabusha womculo athole u-100% wamarolayalithi ngoba usuke esebenzele phezu komculo womunye umuntu futhi enze ingxenyana nje emculweni owenziwe kabusha. Amaroyalithi awanakuqoqwa noma akhokhelwe uma umsebenzi lowo ungekho ungavikelwe amalungelo okushicilela noma ususemphakathini. Ngenxa yalokho, i-SAMRO ikhiphela amalayisensi kuphela umsebenzi woculo wamalungu awo ovikelwe imithetho yokushicilela.

Umthetho uvumela izingxenye zomculo ezilandelayo:
Amagama – 33.33%
IMelodi – 33.33%
Ikhompozishini – 33.33% (iphinde ihlukaniswe ibe ngu-16.7% woHlelo no-16.7% woMculo).

Ngenxa yalokho, uma kwenziwa umculo omusha, kuba u-16.7% kuphela oba "musha". Lokhu kuyavumelana nendlela umculo we-DP obhekwa ngayo emhlabeni wonke, lapho amaphesenti anikwa umhleli eba phakathi kuka-12.5% - 25%, kuye ngezwe.

Ngenxa yalokho, i-SAMRO iyakwamukela ukuthi lo mthetho, nakuba usemthethweni, kuyadingeka ukuba amalungu awubuyekeze ukuze kube nomthelela omuhle kumhleli onquma "ukuvuselela" ingoma yendabuko esuke ingasavikelwe amalungelo okushicilela. Amalungu e-SAMRO, ngesikhathi sezingxoxo, abonisana kahle ngalolu daba futhi kwavunyelwana ngokuthi amaphesenti angu-16,7 akhokhwa manje, kumele akhushulwe.

Nazi ezinye izinto ezisemqoka ezadingidwa kule mihlingano:

- ukwenza lula izinhlu zamalungu,
- ukuqondisisa izimfuneko zokuba yilungu,
- ukulungiswa kwezinzuzo zamalungu,
- ukwethulwa kwabanye abaqondisi abazimele ebhodini,
- imibiko enganele yokusetshenziswa komculo ngabasebenzisi bomculo,
- uMthethosivivinywa Wokuchitshiyelwa Kwemithetho Yokushicilela obuyekezwayo njengamanje,
- Ukuzibophezela kwe-SAMRO ekuqhubekeni nezinguquko,
- isixhumanisi phakathi kwama-quotas omculo ezikhungweni zokusakaza namaroyalithi aphezulu ekusakazeni ezweni lakithi, kanye
- isidingo sokukhuphula inani lamalungu abamba iqhaza ezingxoxweni ukuze babe baningi abantu abayiqondisisayo indlela i-SAMRO esebenza ngayo kanye nendima yayo emkhakheni womculo uwonke.

Kuyadabukisa ukuthi emhlanganweni owawuseGoli ngoMsombuluko 23 ku-Ephreli 2018, iqembu labantu abangewona amalungu e-SAMRO bazama ufohla bangene emhlanganweni wamalungu kuphela. Kukholakala ukuthi ukungayiqondisisi kahle indima ye-SAMRO emkhakheni womculo yiyona eyabangela iningi labaculi abangewona amalungu ukuba bafune ukungena emhlanganweni. I-SAMRO ingumqondisi womculo ovikelwe ngaphansi kwamalungelo okushicilela osetshenziswa ngabanikazi bamalayisensi, kodwa isuke ibhekwe kabanzi nakabi njengendikimba eyinhloko ephethe inqubomgomo kanye nezindaba zezimali emkhakheni womculo. I-SAMRO iyavuma ukuthi kumelwe iphonse esivivaneni kulolu daba kodwa kubalulekile ukuba kwazeke ukuthi igunya le-SAMRO ligcina kumalungu ayo kuphela kanye nasezindabeni eziphathelene namalungelo okushicilela, ikakhulu ilungelo lokudlala emphakathini, kwikhompozishini. Lokhu kusho ukuthi izindaba eziphathelene nezivumelwano zokurekhoda, imikhuba engalungile phakathi kwabaculi bonkana kanye nanoma yimaphi amaroyalithi nezimali zomunye umculi, akungeni ngaphansi kwegunya le-SAMRO.

Nakuba leli qembu lasabisa futhi lahlukumeza izisebenzi ze-SAMRO, lasongela nangokushisa i-SAMRO House, ibhodi le-SAMRO kanye nabaphathi, ngokuqapha balivumela leli qembu ukuba lingene emhlanganweni libe izilaleli. Kuyadabukisa-ke ukuthi leli qembu aligcinanga kokuphazamisa kodwa futhi lalihlose ukubhebhethekisa intukuthelo namanga aluhlaza nge-

SAMRO ashiwo ngabezindaba muva nje. Amalungu amaningana e-SAMRO ashiya umhlangano ungakapheli ngokusabela ukuphepha kwawo.

Ngithanda ukuxolisa ngobuqotho kuwo wonke amalungu e-SAMRO azizwa esatshisiwe futhi mangikugcizelele ukuthi ukusongelwa kwe-SAMRO nezisebenzi zayo, kungakhathaliseki ukuthi ngamalungu noma abangewona amalungu, ngeke futhi akusoze kwabekezelelwa. Ngithanda nokubonga abasebenzi be-SAMRO abalekelela ekunqandeni isimo esasesimazonzo.

Ithimba labaphathi abaphezulu be-SAMRO njengamanje lihlanganisa zonke iziphakamiso zamalungu futhi likhuthaza ukuba noma yiziphi ezinye iziphakamiso zithunyelwe ku-marketing@samro.org.za.

Iziphakamiso nezincomo ziyokwethulelwa amalungu e-SAMRO emhlanganweni okhethekile **ngo-Juni 2018,** lapho kwethenjwa khona ukuthi imithetho emisha izokwamukelwa, ebonisa intando yamalungu kanye nokuzimisela.

Ngingathanda ukuphetha ngokuthi sicela ukuba nisahlulele ngezenzo zethu nokuba nibambisane nathi ekuqinisekiseni ukuthi imithetho yethu ilungile futhi ayikhethi nokuthi ibonisa izidingo zamalungu ethu. Sifuna ukuba nazi ukuthi umsebenzi wethu ngowokuzuzisa nina futhi sizoqinisekisa ukuthi yilokho okuzolawula izenzo zethu kanye nezinguquko esifuna ukuzenza.

Ozithobayo
Nothando Migogo